

NangeSonto eledlule miningi imicimbi eqhubekile kuleli las'Ogwini esikuqoqele yona ngezithombe



PHOTOS: NORMAN HLOPHE

Kungesikhathi kuhlatshwa isoyi lokuqala komsebenzi omkhulukazi wokufakelwa kwamanzi endaweni yaseMdumezulu ngaphansi kwaVulamehlo. INkosi yesizwe uMaphumulo, iMeya yoGu uKhansela Ntombifikile Gumede, uSekela-Meya woGu uKhansela Mondli Chizisa, iMeya yaseVulamehlo uKhansela Thabani Dube kanye namanye amakhansela bethule loluhlelo ngeledlule.

UNkz Nozipho Madikiza wethula inhloso yalomcimbi wokukhulisa abafana ngendlela yokuziphatha obuhlelwe ngumasipala woGu ngokubambisana noMnyango wakwaCommunity Safety and Liaison aqhamuka kuwo.



UNkz Dudu Ngcobo, iMeya yoGu uKhansela Ntombifikile Gumede kanye nokhansela Nokuthula Madlala bethambele umcimbi.



Ababehambele owokunikezelwa ngezindlu ngoMeya Ntombifikile Gumede woGu, uMnuz Selvan Chetty kanye noKhansela Nokuthula Madlala waseHibiscus Coast.

PHOTOS: KHANYISO SEYISI



Abasebenzi bezokukhuculula kuMasipala weHibiscus bematasatasa bekhuculula nge-muva kwaseHarbour View ngoMgqibelo.



AmaKhansela Doctor Njoko, Ziphathela Mhlongo, Yolisa Malimba, Nonhlanhla Duma kanye no Musa Koli emcimbini wezindlu.

UNgqongqoshe weZokuhlaliswa koMphakathi kanye neYemisebenzi yoMphakathi, Mnuz Ravi Pillay, neMeya yaseHibiscus uKhansela Nomusa Mqwebu emcimbini owawuseMarburg.



UNgqongqoshe weZokuhlaliswa koMphakathi kanye neYemisebenzi yoMphakathi, Mnuz Ravi Pillay, kanye nowahlomula ngomuzi, Mnu Roy Jali, ngesikhathi kunikezelwa ngezindlu kwaMavundla ngoMgqibelo, eMarburg.